

Women of hope/abesifazane abanethemba

ISIQEPHU 0088

Isihloko: ukwamukeleka nokuthintwa okunesizathu

Umculo:

Nomathemba: Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Siyakwamukela ohlelweni lwethu “Abesifazane Abanethemba” igama lami nginguNomathemba ngihamba nodadewethu uNomusa. Siyabonga ukuthi usikhona ukuzohlanganyela nathi kuloluhlelo lwanamuhla. Siyakwethembisa mlaleli, uzohamba uzitholile izimpendulo zakho namuhla. Ngizodedela udadewethu uNomusa akubingelele, akwazise futhi ngezifundo zanamuhla. Woza-ke sisi.

Nomusa: Ngiyabonga dadewethu Nomathemba. Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Kuyangithokozisa ukuthi usikhona ukuzolalela. Uyabona dadewethu Nomathemba lokhu okushilo kumlaleli uthi, uzozithola izimpendulo zakhe namhlanje, uqinisile nami ngisho njalo. Namhlanje ezifundweni zempilo yakho ukhona udadewethu uPhilile. Emva kwakhe ukhona udadewethu uBusisiwe. Hlala nathi-nje wena uzozizwela.

Umculo:

Nomathemba: Uyazi dadewethu Nomusa, kade ngibuka amantombazanyana amancane ehamba nobaba bawo. Ngakhumbula ukuthi umyeni wami naye wayehamba nawethu amantombazane esemancane, manje asekhulile sekuphelile ukuhamba ndawonye ngoba wonke umuntu usenemoto yakhe nezindlela zakhe. Sasithi uma sifika ekhaya bagijime bayogona kubaba wabo kwakuba isikhathi esimnandi. Ngabe abakho Nomusa abantwana bayasijabulela lesosikhathi sokugona kuwe noma ubaba wabo?

Nomusa: Yebo! basithanda kakhulu, bajabulela nobanjwa sibasondeze emzimbeni yethu. Siyaye-ke sibafundele nezincwadi uma sesiqedile ukuthandaza sebeyolala. Uma sifika ekhaya, bayagijima basibambe ngezandla sibabuke sebegxumagxuma okukhombisa injabulo. Lokhu kwenza kwabo kusenza sizizwele sibalulekile kubo nabo bebalulekile kithi.

Nomathemba: Hayi sisi, leso isikhathi esimnandi kakhulu ngoba basuke besebancane. Mlaleli, udadewethu uPhilile ukhona sengizomdedela asilethele isifundo sakhe. Woza-ke sisi sizwe ukuthi usiphatheleni.

Philile: Ngiyabonga dadewethu Nomathemba. Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Isihloko engizokhuluma ngaso sithi.

UKWAMUKELEKA NOKUTHINTWA OKUNESIZATHU.

Mlaleli, ngisakhula ngangingaqinisekile ngothando lwabazali bami. Ngakhulela emndenini owawukhonza isiko kakhulu, lapho amantombazane engabalulekile njengabafana. Njengoba kwakuyimi engangimdala ebantwaneni, kwakungathi yimina engimncane kunabobonke emndenini. Kwakufanele ngithembele kimina kunokwethembela komunye umuntu womndenini. Lokhu kwangenza ngaqina, kwangenza ngaziqhenya ukwazi ukuthi ngizimele.

Ngathi enhliziyweni yami, “ Mhla ngaba nowami umndenini, angeke ngiwenze lamaphutha kubantwana bami.” Kodwa ngiyaye sengithuka sengiwenza lamaphutha engangithe ngeke ngiwenze mina. Kwake kwakwenza lokhu wena mlaleli? Ngiyajabula ngoba sengingumntwana kaNkulunkulu. Uthando lwakhe uluthelile phezu kwami. Uthando lukaNkulunkulu, lungenza ngithande, futhi ngamukela abanye abantu, ayi umyeni wami kuphela, nabantwana bami, nabangani bethu, nomakhelwane nezihlobo.

Mlaleli, akengikuxoxele ngomuntu wesifazane ogama lakhe lingu Judy. UJudy wayengumama ongayedwana. Wayenomntwana womfana engakashadi. Isoka lakhe lamshiya uma lizwa ukuthi usekhulelwe. Babesebancane kakhulu ngalesosikhathi, uyise wengane wayesaba uma esafunda ngokukhulelwa komuntu wesifazane. UJudy wanquma ukuyigcina ingane yakhe. Kwambiza ukuthi azikhulisele ingane yedwa. Wayengalutholi usizo kubazali, nasemndenini wakhe.

Kuyena, kwaba injabulo ukuba nalomntwana. Kodwa ngokuqhubeka kwesikhathi zaqala izinkinga nokukhathazeka. UJudy waqala ukungayithandi ingane yakhe. Wangafuna nokuyithinta lokhu. Yaphenduka umthwalo manje kuye. Kwasekwenzenjani engasafuni nokuyithinta? Ngabe kwakwenziwa ukuthi yena ngesikhathi ekhula lwalungekho uthando ekhaya lakhe? Ngabe wayefikelwa ukuzisola ngokwenzeka empilweni yakhe esakhula? Ngabe kwakwenziwa ukuthi umntwana wayefana nobabawakhe kakhulu, manje kubuye ubuhlungu amzwisa bona?

Okwenzeka mlaleli, umntwana wakhula waqala wahlupha lapha ekhaya, uJudy wangazi ukuthi uzokwenzenjani. Abangani bakhe bamkhuthaza ukuthi afune usizo lwendodana yakhe. Washeshe wakubona lokhu. Wabona futhi ukuthi kunjenjenje ingenxa yobuhlungu bokungamthandi kwakhe umntanakhe.

UJudy wenza isinqumo esibaluleke kakhulu. Wanquma ukushintsha indlela ayenza ngayo kumntwana wakhe. Uyazi mlaleli kwenzekani? Waqala wambamba wamgona umntwana wakhe zonke izinsuku. Akubanga lula esaqala. Angithi phela into uJudy wayejwayele ukuyenza kwaku ukushaya, manje omntwana esecabanga ukuthi, ufuna ukumshaya uma ethi uyambamba. Wayekhala umntwana wakhe uma umama efuna ukumbamba, alwe afune ukubaleka. Waqhubeka nokumgona waze wajwayela manje umntwana. Ukwexwaya komzimba womntwana kwaphela.

UJudy wakubekezelela lokho walindela isikhathi esizofika. Akazange amdinelwe umntanakhe ngalokho kwenza kwakhe. Akazange aphele amandla. Waqhubeka ukumsondeza kuye noma ngabe ulwa kanjani umfana. Waqala manje noJudy ukumqabula umntanakhe amnike uthando, kancane kancane umfana waqala ukumethemba umama wakhe. Ukuthintana kothando kukamama wakhe kwaphilisa ubuhlungu benhliziyo yakhe. Lokhu kwakungumuthi ayewudinga ngasosonke isikhathi.

Kwathi ngolunye usuku, kwenzeka isimanga. Umntwana weza egijima eqonde ezandleni zikamama wakhe, wafike wambamba. Lesosenzo sasibonisa ukwamukelana uJudy ayekudinga. UJudy wazizwela ukuthi umntanakhe umxolele manje. Udonga olwalubahlukanisile lwase lubhidlikile. Ukuthintana kwabo kwahlanza yonke leminyaka benganakene. Abantwana bethu bafana nembewu esiyitsha ensimini. Badinga ukuthi sibachelele ngokubathanda zonke izinsuku. Bayadinga ukuthi sibabonise ukuthi siyabathanda ngokubabamba, sidlale nabo. Ngakho-ke mlaleli, kudingeka sibusise abantwana bethu ngothando zonke izinsuku siba sondeze kithi, sibagone ukuze bakhule kahle njengembewu ikhula emhlabathini ovundileyo.

Ngiyabonga.

Umculo:

Nomathemba: Siyabonga kakhulu dadewethu Philile isifundo esibaluleke kangaka. Uyazi mlaleli, thina bazali sibalimaza kakhulu abantwana bethu ngokukhiphela kubo izinto ezasenzekela sikhulelwe bona. IBhayibheli lithi, “Abantwana bayisipho esivela kuNkulunkulu” ngakho masingabafaki ezimweni esabhekana nazo, babengekho lapho. Mlaleli, wake waba sesimweni sokukhathazeka nokuphelelwa ithemba? Akengidedele udadewethu uBusisiwe asilethele isifundo sakhe. Woza-ke sisi.

Busisiwe: Ngiyabonga dadewethu Nomathemba. Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Isihloko engizokhuluma ngaso sithi:

UNKULUNKULU ODUDUZAYO

Mlaleli kunendaba engizokuxoxela yona, ithi.

Kwakunomuntu wesifazane owayemfishane igama lakhe lalingu Hluphekile. Wayenamandla, wayenza imisebenzi enzima, enezidingo okwakufanele azifeze. Kwafika isikhathi lapho wathula khona, ukuthula kwakhe kwakwenziwa ukuthi udiniwe. Amehlo akhe ayegcwele izinyembezi. Waze wafisa sengathi angalala angaphinde avuke kodwa konke lokho akumsizanga ngalutho. UHluphekile wayelala avuke kungenzeki ayekufisa. Akusho ukuthi wayeyedwa ngempela, bakhona abantu ababemenzela izinto engalindele. Wayezizwela enesizungu. Indoda yakhe yayingamnaki. Yayingumuntu ozithulelayo,

ikhulume amazwi angemaningi abuhlungu, anesihluku. Abantwana bakhe ayebathanda kakhulu, basebemshiyile. Izihlobo zazingasajwayele ukuvakasha. Ezinye zase zimhlale, ezinye zimkhumbuza ngezinto ezazimehlula, njengokuthi akakwazi ukupheka, akakwazi ukuphatha kahle imali yakhe, akasiyena umama omuhle, akasiyena umfazi ohlakaniphile, basho izinto eziningi. Wayehlaselwa nxazonke, ukuvakashelana kwaphela. UHluphekile wasala kanjalo, wazinika ithuba lokucabanga ngempilo yakhe. Wazama ngayo yonke indlela ukwenza izinto abathi akakwazi ukuzenza, wazama ukujabulisa labo ayebathanda, wazama ukwanelisa wonke umuntu.

Mlaleli, uyalazi igama elithi Hluphekile ukuthi lisho ukuthini? Lisho umuntu ohluphekile, osephelelwe ithemba lokuthi izinto zobuye zilunge kuye, osezinhlungwini, onosizi, okhathazekile, odabukile. Mlaleli wake waba kulesisimo? Inhliziyo yakho wake wayizwa ibanzima wazizwela ukuthi awusafuni ukuqhubeka nempilo? Mhlawumpe unomyeni onesihluku, noma isihlobo sakho sakuhlukumeza? Mhlawumpe uyagula? Ngabe umndeni wakho uyalwisana nawe? Kungenzeka ukuthi awunabani. Wenzani uma impilo ikuphoxa? Uyakuphi? Uyakubani?

Mlaleli, uHluphekile wathi ake athi ukuhamba. Ukuhlala endlini yakhe kwamenza wazizwela sengathi useyisiboshwa, wathi akake aphumele ngaphandle athi ukuhambahamba, avumele umoya uthi ukupholisa umzimba wakhe, avumele ilanga kelikhanyise inhliziyo yakhe esebumnyameni. Esahamba wazithela kumngani wakhe okwase kunesikhathi agcina ukumbona. Igama lomngani wakhe kwakungu uNolusizi. Kwathi uma uNolusizi ebona umngane wakhe uHluphekile wagijimela kuye walula izingalo zakhe, wambamba. Wambuka emehlweni wabona ukuthi usebuhlungwini wabona ukuthi ukhathazekile. Wathi uNolusizi, “Woza lapha Hluphekile, sihlale phansi sixoxe.” Ngabe kwenzenjani, konakelephi? Khuluma nami ungitshele ukuthi kwenzenjani? Ngitshele konke okukuhluphayo. UNolusizi noHluphekile bahlala isikhathi eside bexoxa ngobuhlungu abakubo. UNolusizi walalelisisa konke okwakushiwo uHluphekile, noHluphekile walalelisisa konke okwakushiwo uNolusizi. Bobabili banikina amakhanda bekhombisa ukuzwelana. Babambana ngezandla babukana wathi uNolusizi, “Hayi ngiyezwa mngani wami.” UHluphekile wathi ungasho kanjani ukuthi uyezwa? Wathi uhluphekile, “Nami sengike ngalahlwa yibobonke engibathandayo nomndeni wami imbala. Ngiyazi ukuthi kubuhlungu kangakanani ukungathandwa muntu ngisho abantwana bakho. Sengike ngezwa ubuhlungu obukhulu emzimbeni nasemoyeni, sengike ngalala ngilambile ngaba ngedwa endlini yokulala.” UNolusizi wabuqonda ubuhlungu umngani wakhe akubo.

Mlaleli, kukhona indoda eyathwala izinsizi zethu. Igama layo nguJesu, lokho sikufunda laphaya kulsaya 53:3 kuthi, “Yayideliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu, owazi ukugula.” Lelivesi litshela ukuthi, lapho kungasekho okwaziyo, uJesu uyakwazi. Isihawu sakhe kuwe siyiqiniso, wakubonisa ngokuthi azohlupheka lapha emhlabeni. Indodana kaNkulunkulu yeza yazoba njengesoni kepha ingenasono, izozwa ukwephuka kwenhliziyo, ukulamba, ukushiywa nehlazo. Kwakungani uJesu azokwenza konke lokhu? Okokuqala,

ukuze asifele esiphambanweni, azoba umnikelo ngezono zethu. ububi bezono zethu bathwalwa uJesu endaweni yethu. Kwabase 11Khorinte 5:21 kuthi, “ Ongasazanga isono wenziwa isoni ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulunga kukaNkulunkulu.” Mlaleli lelivesi lisho ukuthi , uJesu wasifela, wafela izono zethu, ukuphelelwa ithemba, nokukhathazeka kwethu. Wabuye waphila! Ngokuka Mathewu 28:6 kuthi, “Akakho, ngokuba uvukile njengokusho kwakhe, zanini lapho kade elele khona.” Laphaya ku Luka 24:46-47 kuthi, “ Wathi kubo, Kulotshiwe kanje ukuthi, uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu. Kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka kube ngukuthethelelwa kwezono ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema.” Lamavesi asitshela ukuthi, igazi likaJesu elachitheka ukuze sihlanzwe ezonweni zethu, uma sicela intethelelo ngenxa yezono zethu. kufanele siyeke ukuzama ukwanelisa wonke umuntu kodwa sibeke uJesu abe ngowokuqala emplweni yethu.

Okwesibili, uJesu weza emhlabeni ukuze azozwa konke ubuhlungu bezimpilo zethu, ukuze afane nathi asazi kahle. UJesu uthi laphaya ku Mathewu 5:4, “Babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa.” lelivesi lisitshela ukuthi, uma sikhala sizisola ngeziphambeko zethu uJesu uzosiduduzwa. Akafuni ukuthi sihambe sifuna injabulo nokwaneliseka, nanoma ngani. Ubudlelwane noJesu ibona kuphela obusiduduzayo obukhona kuze kube phakade.

Mlaleli, uHluphekile, wakholwa ukuthi umyeni wakhe wayelungile, abantwana bakhe babemhlonipha, izihlobo zakhe ziyamthanda, kuzofanele abenokuthula nabo. Laphaya kwabase Efesu 2:14 kuthi, “ Ngokuba yena waba ngukuthula kwethu, owenza kokubili kwabakunye, nowabhidliza udonga olwahlukanisayo olungubutha.” Okungukuthi, uKristu Jesu ungukuthula kwethu. Laphaya kwabase Filiphu 4:6-7 kuthi, “ Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngomkhuleko nangokunxusa kanye nokubonga.” Lamavesi asitsheli ukuthi ukuphatheka kabi kwethu, izihlobo ezisilahlayo ngeke zisaba khona, kodwa asithembisa ukuthi uNkulunkulu uyoba kanye nathi ekukhathazekeni kwethu konke, asiduduze agcwalise izinhliziyi zethu ngothando lwakhe.

Ngiyabonga.

Asikhuleke.

“ Baba ongcwele, siza nangu umlaleli ukuthi alwamukele uthando lwakho, angazami ukuzama ukugcwalisa inhliziyi yakhe ngokucabaga ukwanelisa abanye abantu. Amen.”

Umculo:

Nomusa: Siyabonga kakhulu dadewethu Busisiwe isifundo esakha kangaka. Ukwazi mlaleli ukuthi kufanele sibike zonke izinkathazo zethu kuNkulunkulu, kuyayithokozisa inhliziyi yami. Siyabonga futhi dadewethu Busisiwe. Uyazi dadewethu Nomathemba kuyangithokozisa ukwazi ukuthi uNkulunkulu uzoba nathi noma ngabe sibhekene

nobunzima obungakanani. Uyasiduduza. Asigcwalise ngothando lwakhe. Uthini dadewethu Nomathemba?

Nomathemba: Uqinisile dadewethu Nomusa. IBhayibheli alisitsheli ukuthi, uJesu wafika wazosihlanza kuqala ngaphambi kokuthi asamukele. Ithi, ngiseyisoni, uJesu wasifela ukuze sisindiswe. Wasithanda nazozonke izono zethu weza ukuzongisindisa. Indaba emnandi le.

Nomusa: Uyazi mlaleli, ungacabanga ukuthi uNkulunkulu ukudinelwe ngenxa yezono onazo, ngithanda wazi ukuthi unguNkulunkulu onothando. Uyakuthanda ingakho athumela uJesu ukuthi azokufela esiphambanweni ukuze igazi lakhe likuhlanze kukho konke ukungalungi kwakho. Ukhona umuntu owake wakuthanda njengoJesu?

Umculo:

Nomathemba: Konke okushilo dadewethu Nomusa kuyiqiniso. Mlaleli ithuba lakho-ke namhlanje lokuthi uzikhethela ukuthi wenzani ngempilo yakho. Siyabonga kubasunguli baloluhlelo luka (W O H noluka PH) oselusakazwa emazweni amaningi. Siyethemba ukuthi luzoqhubeka lusize abantu abaningi. Mlaleli sekukhona nobaba, abalulalelayo loluhlelo. Indaba isisele ngakuwe-ke mlaleli ukuthi uzokwenzani ngalo Jesu. Uthini dadewethu Nomusa.

Nomusa: Siyabonga kakhulu kumlaleli ozinike isikhathi sokuhlanganyela nathi namhlanje. Sibonga kakhulu kodadewethu abasilethele izifundo zanamuhla. Mlaleli, usazoqhubeka nempilo kulelisonto, khumbula lokhu, “ Uma kufika ukuthi uzizwe uphelelwa ithemba, udinga ozokududuza, hamba uye kolowo osinika ithemba , asiduduze, uJesu Kristu. usithembisile ukuthi ngeke asilahle futhi angeke asishiye. Uzohamba nathi uma sinezinkinga. Mlaleli, kuyosithokozisa uma usibhalela sizwe ukuthi zikusiza kangakanani lezizifundo.

INkosi ikubusise. Sihlangane ngokuzayo.

Umculo: